ISITHOMBE NGU: SANDILE MAKHOBA

ZIDELE ilanga ebelikhipha umkhovu etsheni zagxoba itoyitoyi izisebenzi ezingaphansi kukaMasipala weTheku zifuna ukuqashwa ngokugcwele ngoLwesihlanu.

Kuxathuke imigwaqo kuteleka izisebenzi

EZOMPHAKATHI: Bezifuna ukuqashwa ngokugcwele

THANDEKA NGOBESE NoPAMELA ZUNGU

ZIBEKE phansi amathuluzi zagxoba itoyitoyi emgwaqweni osemakethe enkabeni yeTheku zivimbe esangweni elipake amaloli athutha imfucuza izisebenzi eziyitoho kuMasipala weTheku, ngaphansi kohlelo i-Expanded Public Works Programme (EPWP).

Lezi zisebenzi ezishanela emigwaqweni yeTheku - ezishiye imigwaqo imanaphanapha - zithi sezisebenze iminyaka emine ziyitoho, zilokhu zithenjiswa ukuthi zizoqashwa kodwa kulokhu kucwebe iziziba. Lezi zisebenzi ezibalelwa ema-200, zithi ziqale ukusebenzela umasipala ngowezi-2013 zibizwe ngamakhansela, ngethemba lokuthi zizoqashwa ngokugcwele.

Ngokusho kwesinye salezi zisebenzi, uNkz Ntokozo Mthimkhulu (38), selokhu baqala ukusebenza bahola u-R139 ngosuku.

"Thina njengoba sihola le mali, abantu abangene emuva kwethu abebebizwa njengotoho ngezikhathi zebhizi, sizwile ukuthi sebeqashwe ngokugcwele. Laba bantu abanye babo bahola u-R12 000 (ngenyanga) okuthe ngoZibandlela (December) bagixabezwa nangamabhonasi ekubeni thina sidonsa kanzima.

"Le mali esiyiholayo kasikwazi ngisho ukondla imindeni yethu ngayo. Laba abaqashiwe uma sizwa kuthiwa baqashwe yiqembu elibusayo, i-African National Congress (ANC), hhayi umasipala. Esikubuzayo wukuthi uma beqashwe yiqembu elibusayo, kungani basebenze kulezi zindawo ezisetshenzwa yithina, banganikwa isiza sabo futhi nama-*payslip* abo abhalwe uMasipala weTheku, angabhalwa ukuthi avela kwi-ANC," kusho uNkz Mthimkhulu.

UNkz Sinethemba Mdlalose uthi beqala ukusebenza, bebetshelwe ukuthi ngeke uphele unyaka bengaqashiwe. "Uma sebefuna ukudlala ngathi bavele basibizele kwinhlolokhono. Kumanje nje kangazi sesiyenze kangaki inhlolokhono kodwa singaqashwa. Ngeke sisuke emgwaqweni singakatshelwa into ephathekayo mayelana nokuthi sizoqashwa nini ngokugcwele.

"Sesikhathele izithembiso ezingekho. Njalo uMnu Raymond Rampersad oyimenenja ebhekelele ukuhlanzwa kwedolobha, uma simbuza ngale ndaba uvele athi ngokwakhe ngabe kade saqashwa manje inkinga abaphathi abakhulu bathi imali kayikho.

"Kayikho kanjani imali ekubeni kukhona abantu abasha ababaqashile? Baholelwa ngani uma ingekho imali?," kusho uNkz Mdlalose.

Imenenja ebhekelele ukuhlanzwa kwedolobha, uMnu Rampersad, ithe bayazi ukuthi kunezisebenzi ezitelekile. Uthe phakathi kwezizathu ezenze izisebenzi zigcwale umgwaqo, wukuthi zifuna ukuqashwa ngokugcwele. "Baqale ukusebenza ngowezi-2014 benenkontileka yezinyanga eziyisi-6 ebilokhu ivuselelwa. Ukuqashwa kwabo kakukho emandleni ami, lesi yisinqumo okufanele sithathwe yisigungu samakhansela, okwamanje okungelula ukuba sihlangane njengoba sisavalile.

"Kungamanga ukuthi kunabantu abebeyitoho asebeqashwe ngokugcwele," kusho uMnu Rampersad. Okhulumela uMasipala weTheku, uthe bewumasipala bayazi ukuthi kunezisebenzi ebezitelekile zifuna ukuqashwa ngokugcwele, okwenze ukuba kugcine sekunemfucuza engathuthwanga kwezinye izindawo.

Uthi bewumasipala basebenza kanzima ukuxazulula lolu daba abakholwa wukuthi luzoxazululeka maduze. Okwamanje bacela umphakathi ubekezele njengoba zikhona ezinye izinhlelo abazenzayo ukuxazulula le nkinga.

ISITHOMBE NGU: THANDEKA NGOBESE

BEKUMANAPHANAPHA izolo ngeSonto edolobheni eThekwini njengoba izisebenzi eziyitoho ophikweni lokuthuthwa kukadoti zibeke phansi amathuluzi ngoLwesihlanu zifuna umasipala uziqashe ngokugcwele.